

Speech by KZN Health MEC Neliswa Nkonyeni on the occasion World TB Day Celebrations in Greytown
24 March 2007

Our warm felt greetings to all of you on this important moment of the World TB Day commemorations.

Let it be known to all of us that the **THEME** for this year is:

TB ANYWHERE IS TB EVERYWHERE

Umhlaba wonke namhlanje uhlanganise amakhanda ubhekelele ukuthi iziphi izindlela ezingasetshenziswa kuqedwa isifo sofuba, TB emazweni ahlukene.

Thina njengoMnyango wezeMpilo KwaZulu-Natal siseke ngokugcwele i **TB Crises PLAN** ngokuba sibeke ecaleni isamba sika **R30 million** ukubhekana nezinhlelo zayo.

Ngaphezu kwalokho siphinde sakhapha kuwo lo nyaka isamba sika **R70 million** ukuthi usebenze ukulwisana ne **MDR** kanye ne **XDR TB** strains.

Le mali ayifaki isamba sika **R120 million** okuyimali esiyibekele ama **NUTRITIONAL PACKS** atholakala kuyo yonke imitholampilo yethu enikezwa laba abathatha imithi yayo i TB kanye naleyongculazi.

Kuso le sifunda sethu seminingi kakhulu imizamo eyenziwe ukuthi kunqandwe ukubhebhethaka kwalesi sifo esilaphekayo kodwa esiqhubekayo nokuhamba nemiphefumulo yabahlali balelizwe.

Kule ndawo yase Greytown izincwadi zethu zisitshela ukuthi abahlali bangu **93200**. Kule sibalo isamba sabantu abalashelwa isifo sofuba kumanje sime ku **691**.

Kule District yase Umzinyathi kusukela ngo January ka 2005 kuya ku February walo nyaka bangu **126** abahlali izimpilo zabo ezishabalele ngengxa ye **MULTI DRUG RESISTANT TB [MDR]**. Abasaphathekile bangu **72**.

Ngaso futhi le sikhathi esikhuluma ngaso, kuyo le District, abantu abangu **184** badlulile emhlabeni ngodaba lwe **EXTREME DRUG RESITANT TB [XDR]** iningi lalaba abaswelekile babe bevela endaweni yase Msinga.

Umyalezo esiwuphethe namhlanje yilowo wokuthi:

TB IS COMPLETELY CURABLE

Isexwayiso sithi, uma uhlala nomuntu one TB engeyelaphi nakanjani nawe izokungena.

TB testing and treatment is free.

Nazi izimpawu ezikhona ezikhomba ukuba khona kwe TB:

A cough for longer than 2 weeks

Chest pains

Tiredness and weakness of the body

Loss of appetite and weight

Night sweats, even when it is cold

Coughing up blood

Usizo kulaba abaphathekile lukhona maduze nalapho uhlala khona. Kule ndawo yase Greytown nje kuphela abadinga usizo nge TB siyabanakekela lapha:

- district hospital rendering first level care
- 7 provincial clinics

- 2 local Authority clinics
- 2 mobile clinics
- 1 NIP site

Umnyango wezeMpilo KwaZulu uzimisele ngokwenza ngcono izimpilo zabantu balesifunda noma ngabe bakuphi.

Imizamo yethu yokuthuthukisa nokwenza ngcono izizinda zethu iyaqhubeka. Bheka nje esikwenzayo:

1 MDR unit e Greytown hospital – this unit will accommodate patients from all four sub–districts within the district.

SIBUYANE CLINIC sesikhiphe isamba sika R 914.200 ukuthi kungezwe nge **labour ward, delivery room and ablution facilities.**

NTEMBISWENI CLINIC khona sikhiphe isamba sika :- R796.000 ukuthi kufakelwe ngaphezulu:
2 counselling rooms, labour ward, delivery room and ablution facilities

KRANSKOP sizokwakha umtholampilo omusha ngesamba sika R4.002.494.00 sizokwazi ukususa le Parkhome esetshenziswayo njengamanje.

ESHANE CLINIC sikhipe isamba sika R1.163.700 ukuthi kwengezwe labour ward, 2 counselling rooms with sub waiting area

KWASENGE CLINIC khona sibeke isamba sika R 1.734.420 Ithala Bank isiqoke oso Contractor abasha ngoba laba esasibanikeze lo msebenzi ekuqaleni behoxile.

Nakwezinye izindawo zale District izinhlelo zethu zentuthuko ziyaqhubeka. Bheka nje:

Washbank Clinic siyibekele isamba sika R4 421 million njengoba sinethemba lokuthi ngo October kuwo lonyaka siyobe siwuvula loya mtholampilo.

Muden Clinic, izincwadi zakhona kumanje sizidlulisele ku Ithala Bank njengaloku lilindeleke ukuthi liqoke

abazodweba ama Plan bese ukwakhiwa kuyaqala kulonyaka ozayo.

Gome Clinic, abakwa **CUPB** esikhathini esingamaviki amabili bazobe bephothula ucwaningo mayelana nokwakhiwa kwawo lo mtholampilo.

Bakwethu masibambisaneni ekwenzeni impilo yawo wonke umuntu ukuthi ibe ngcono. Abantu abadla amaphilisi esihlala nabo masibagqugquzele ukuthi bawaqede.

Abaholi bethu abalapha ngamakhambi esintu sithi sinxusa ukubambisana okuphezulu, bayazi ukuthi I TB siyisebenza kanjani indaba yayo.

Impilo iyasetshenzelwa!!!!